# UBubhibhi uMancane uthola umngani

Ixoxwa kabusha nguJoanne Bloch
Imidwebo nguJiggs Snaddon-Wood



"Mancane, sekuyisikhathi sokuyofuna ukudla!" kusho uMama uBubhibhi ngolunye usuku ekuseni. "Ngizokuthuma kwenye indawo entsha namhlanje!"


UBubhibhi uMancane wamisa amadletshana akhe acijile. "Kuphi?" kubuza yena. Wayethanda ukuyofuna ukudla ezindaweni ezintsha ezivusa isasasa.

"Umuthi uwiswe isivunguvungu ngesonto eledlule," kusho uMama uBubhibhi. "Isiqu sawo senze ibhuloho phezu kwesiziba esingezansi negquma. Iya laphaya, uwele ngebhuloho lomuthi bese ubheka ukuthi angeke yini usitholele ukudla ngaphesheya kwesiziba."

Wasuka wahamba uBubhibhi uMancane. "Ngimncane, kodwa nginekhono lokuthola ukudla!" eziculela ngesikhathi esho ngejubane ehla egqumeni eya endaweni esezansi eyithafa. Emva kwesikhashana, wabona uSikhova ehleli engquphazela egatsheni lomuthi. "Sawubona, Sikhova," kusho uBubhibhi uMancane ngenhlonipho.

"Sawubona," kuvumela phansi uSikhova. "Uyaphi kodwa uwedwa?"

“Ngizowela isiziba esimnyama ukuze ngiyofuna ukudla,” kusho uBubhibhi uMancane ngokuziqhenya.



“Kulungile, kodwa uqaphele,” kusho uSikhova. “Awunawo amazipho abukhali njengawami!”

UBubhibhi uMancane wedlula ezihlahleni nasemithini. Wase ebona uMpungushe ezihlalele ngaphansi komthunzi wesihlahla esikhulu. “Awu, nguwe kanti, Bubhibhi uMancane,” kusho uMpungushe ngezwi elinobungani. “Uyaphi?”

“Ngiyofuna ukudla ngapheshеya kwesiziba,” kusho uBubhibhi uMancane.

“Eyi, kodwa uqaphele,” kusho uMpungushe. “Awunawo amazinyo abukhali njengawami!”

Ngalesi sikhathi, uBubhibhi uMancane wayesekubona ukukhazimula kwamanzi esizibeni kujana. Waphuthuma kuwo. Ngemuva kwesikhashana wahlangana noNogwaja. Wayegingqika otshanini

obude elangeni. “Sawubona, Mancane,” ekhuluma enensa, ngesikhathi ehlafuna umucu wotshani obude. “Uphuthumaphi?”

“Ngizowelela ngaphesheya kwesiziba ngiyofuna ukudla,” kuchaza uBubhibhi uMancane.

“Oooo,” kusho uNogwaja ovilaphayo. “Unesibindi! Ngabe awuyesabi INTO?”

“Yini leyo NTO?” kubuza uBubhibhi uMancane ngezwi elincane.

“Uyayazi,” kusho uNogwaja, “INTO ehlala esizibeni!”

“Angesabi!” kusho uBubhibhi uMancane, eqhubeka nohambo. Kodwa ngesikhathi esasondela eduze nesiziba, waqala ukufisa sengathi ngabe wayengahlangananga noNogwaja. Ngabe yini leyo NTO, futhi INTO leyo izomenzani?

Ekugcineni wafika ebhulohweni lomuthi. “Angeke ngibuke phansi,” ezitshela. Washesha wagibela esiqwini somuthi waqala ukuwelela ngaphesheya. Kodwa wathi uma efika maphakathi nesiqu somuthi akaze akwazi ukuzibamba, wabuka phansi … nansiya INTO! Ubuso bayo bubheke ngakuye! UBubhibhi uMancane akazange afune ukukhombisa ukuthi wethukile, wase ekhombisa ubuso obungebuhle … kodwa kwamethusa ukuthi, le NTO ikhombise ubuso obubi nayo futhi!

Inhliziyo kaBubhibhi uMancane yayishaya ngamandla ngesikhathi egijima ebuyela ekhaya. Wagijima wadlula uNogwaja, owayelele, kodwa wama uma efika kuMpungushe. “Ngisize!” esho ehefuzela, “kukhona INTO esizibeni! Kumele ngenzenjani?”


“Ungakhathazeki,” kusho uMpungushe, “thatha itshe elikhulu bese uyikhombisa lona le NTO! Lizoyethusa!”

Ngakho uBubhibhi uMancane wathatha itshe elikhulu wase ebuyela esizibeni. Kodwa wathi uma efika maphakathi nebhuloho lesiqu somuthi wabheka phansi kuleya NTO, nayo yayiphethe itshe elikhulu!

Walahla itshe wagijima wabuyela emuva ngebhuloho lesiqu somuthi, wedlula uNogwaja noMpungushe, waze wafika ngaphansi komuthi okwakulele kuwo uSikhova. “Sikhova, Sikhova!” ememeza ngezwi elivevezelayo elikhombisa ukwethuka. “Ngisize! Kukhona INTO esizibeni! Kumele ngenzenjani?”

“Mmmmm,” kucabanga uSikhova. “Hamba nenduku bese ukhombisa leya NTO induku! Kuzokusiza lokho!” kusho yena.

Ngakho uBubhibhi uMancane wazitholela induku enkulu, ende, futhi wayezwa selwehlile uvalo, wabuyela ebhulohweni lesiqu somuthi. Kodwa wathi uma ephakamisa induku ebuka phansi, wabona INTO iphethe induku enkulu nayo futhi!



Eshaywa uvalo, uBubhibhi uMancane walahla induku emanzini, wagijima ehefuzela, wedlula uNogwaja, uMpungushe noSikhova, wakhuphuka egqumeni wayongena ekhaya. Wawa phansi eduze kukaMama uBubhibhi ngenxa yokukhathala, watshela unina ukuthi kwenzekeni.

“Awu, Mancane, bandla,” kusho uMama uBubhibhi ngezwi eliduduzayo. “Ungakhathazeki! Ngiyazi ukuthi yini okumele uyenze. Ngemuva kokuphumula kancane, buyela esizibeni. Ungahambi nazinduku noma namatshe. Uma ufika maphakathi nebhuloho lomuthi, ubheke emanzini futhi, kodwa manje uma ubona INTO, uyimamathekele!”

“Ngimamatheke?” kubuza uBubhibhi uMancane ngokumangala. Wayengakholwa ukuthi umuzwe kahle umama wakhe.

“Yebo, umamatheke,” kusho uMama uBubhibhi. “Ngiyakwethembisa ukuthi kuzosebenza lokhu.”

Nangempela wayeqinisile uMama uBubhibhi. Ngesikhathi uMancane efika maphakathi nebhuloho lesiqu somuthi, wabuka phansi wamamatheka. Kwamumangaza kakhulu ukuthi, neNTO yambuka ngobuso obunobungani ngendlela angazange ayicabange! UBubhibhi uMancane wathathazela INTO nayo yamthathazela. UMancane wajabula kakhulu! Wangqabashiya phezu kwebhuloho lesiqu somuthi, ngemuva kwamahora ambalwa ethokozile, wabuyela ekhaya nenqwaba yezimpande ezimnandi ngaphansi kwengalo ngayinye.

Kusihlwa ngalelo langa, ngesikhathi umndeni wobubhibhi uhleli phansi udla isidlo sawo esimnandi, uBubhibhi uMancane waxoxela uMama kuthi kwenzakaleni. “Ngithe uma ngimamatheka, INTO yangimamathekela nayo futhi!” kusho yena.



“Ngiyazi,” kusho uMama.

“Kanti ngithe ngesikhathi ngithathaza, neNTO, yangithathazela futhi!” kusho uBubhibhi uMancane.

“Ngiyazi,” kusho uMama uBubhibhi futhi.

“Ngicabanga ukuthi ifuna ukuba ngumngani wami!” kusho uMancane.

“Ngiyazi,” kusho uMama.

UBubhibhi uMancane athi ukucabanga isikhashana. “Kodwa Mama,” kusho yena, “iyini leya NTO?” UMama uBubhibhi wase emtshela.

Ngabe ucabanga ukuthi wathini uMama uBubhibhi?

## VEZA UBUCIKO BAKHO!

Dweba isithombe sikaMama uBubhibhi ekhuluma noBubhibhi uMancane bese ufaka ibhamuza lenkulumo likaMama uBubhibhi. Ebhamuzeni lenkulumo, bhala phansi incazelo kaMama uBubhibhi ukuthi uyichaze wathi iyini “INTO”.

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

# UBubhibhi uMancane uthola umngani

Ixoxwa kabusha nguJoanne Bloch • Imidwebo nguJiggs Snaddon-Wood

## Ezibonakalayo

Zibuke esibukweni bese wenza ubuso obuhlekisayo. Ephepheni elikhulu, dweba isibuko nalokho okubonile uma uzibuka.

## Ukufunda

Funda isihloko sodaba. Yenza ezinye izihloko ezimbili.

## Ukubhala

Dweba isithombe sesigcawu sokugcina kulendaba lapho uMama uBubhibhi noBubhibhi uMancane bekhuluma. Dweba ibhamuza lenkulumo likaBubhibhi uMancane bese ubhala kulo amagama asodabeni lapho ebuza khona uMama uBubhibhi ngeNTO. Kuhlanganise nebhamuza lenkulumo likaMama uBubhibhi bese ubhala kulo incazelo kaMama uBubhibhi yokuthi yini "INTO".

## Umsebenzi wezandla

Thatha iphepha eliwu A3 noma u-A4 uligoqe phakathi. Penda amachashaza kwenye ingxenye yephepha bese ugoqa iphepha ukwenzela ukuthi amachashaza azodlulela kwenye ingxenye.

## Ukusebenza

Dlalani umdlalo wesibuko. Yima ubuke umlingani wakho. Shintshanani ngokuba "yisibuko" kanye nomuntu ozibuka esibukweni. Isibuko silingisa ukunyakaza okwenziwa wumuntu – ngokwesibonelo: beka isandla sakho sokudla ekhanda, khiphela ulimi lwakho ngaphandle, phakamisa ihlombe lakho langakwesokudla.